Mangibingelele ku Mntwana wakwa Phindangene.

Mageba

Bengicela ukuba Umntwana angifundele lesisi tatimende esivulelekile njengoba ngisibhalile.

Ngiyezwa Mageba ukuba igama lami seliya thinteka ekubeni mina Simakade, Jackson Zulu ngifuna isikhundla sobukhosi. Ngijabulile uma ngibona umntwana ku mabona kude ezisholo ngokwakhe ukuthi angikaze ngisho nakuye ukuthi ngiyasifuna lesisi khundla, nami ngiyakufakazela lokho.

Ngingaqiniseka ukuba angikaze ngisho kumuntu ukuthi ngiyasifuna lesisikhundla.

Ngiyezwa Mageba ukuthi kukhona ubu homuhomu obukhombisa ukuthi hleze kukhona abangifisela lesisikhundla futhi ayikho into engingayenza ngemizwa yabanye abantu.

Mangicacise ukuthi ubabekazi wami umntwana wakwa Ndlovu benaye umntwana wase Khwezi, bake basiqwashisa sizingane ze Nkosi ukuthi uma Isilo noma iNdlunkulu iphakamisa igama lomunye wethu kufanele avume loyo oyobe ekhonjiwe. Ngakhoke nami ukuba ngangiphakanyisiwe ngangiyosamukela leso siphakamiso, futhi babesixwayisile ukuba uma kuphakamiswa omunye wethu asibokwamukela futhi simeseke loyo oyobe ekhonjiwe.

Njengengane ehloniphayo nengicabanga ukuthi izithobile ngiyaqiniseka ukuthi angeke ngiweqe amagama abantu abadala njengoba besengichazile ngezeluleko ezingaphezulu.

Ngiyamucela umntwana ukuba nxa esefunda lesisitatimende njengoba sinjalo asale esengicelela nezintatheli ukuba zingalokhu zingifonela ngaloludaba ngoba akukho okunye engingakusho ukudlula lokhu esengikushilo.

Mangithokoze Mageba,Imina uMzukulu wakho,

uMntwana Simakade Zulu

11-05-2021